

STANMORE SECONDARY SCHOOL
ISIZULU NOVEMBER FINAL EXAMINATION 2020

ISIZULU IPHEPHA LESITHATHU (P3)
IBANGA LESHUMI 10

UMHLELI WEPHEPHA: T.O NGCOBO

AMAMAKI = 100

ISIKHATHI = 1 HORA

EXAMINER: T.O.N
MODERATOR: E.S

IMIYALELO KWABAHLOLWAYO

1. Leli phepha lehlukaniwe IZIQEPHU EZINTATHU:
ISIQEPHU A: Indaba (50)
ISIQEPHU B: Imibhalo emide edlulisa imiyalezo (30)
ISIQEPHU C: Imibhalo emifishane edlulisa imiyalezo (20)
2. Phendula umbuzo OWODWA esiqeshini NGASINYE.
3. Bhala ngolimi ohlolwa ngalo.
4. Qala umbuzo NGAMUNYE ekhasini ELISHA.
5. Hlela umsebenzi wakho (uhlaka) ngamaphuzu noma ngebalazwe (mind map), ulungise amaphutha bese uyawufundisisa. Uhlelo/Uhlaka MALWANDULELE umbhalo ngamunye.
6. Ukuhlela makukhonjiswe ngokubhala igama elithi uhlelo/uhlaka bese kuyethulwa. Kuyancomeka ukuba kudwetshwe umugqa phezu kwemisebenzi yonke yokuhlela.
7. Uyayalwa ukuba usebenzise isikhathi sokubhala ngale ndlela elandelayo:
ISIQEPHU A: Amaminithi angama-80
ISIQEPHU B: Amaminithi angama-40
ISIQEPHU C: Amaminithi angama-30
8. Bhala izinombolo zezimpendulo ngendlela ezihlelwe ngayo kuleli phepha.
9. Nikeza impendulo ngayinye isihloko esifanele.
10. Ungazibali izihloko nezihlokwana lapho usubala inani lamagama omsebenzi wakho.
11. Bhala ngobunono nangesandla esifundekayo.

ISIQEPHU A: INDABA

UMBUZO 1

Khetha isihloko ESISODWA kwezilandelayo ubhale ngaso indaba ibe ngamagama ayi-190 kuya kwangama-240.

QAPHELA: Bhala uhlaka lwendaba yakho lube sekhasini lalo lodwa.

- 1.1 Okwangenza ngazizwa ngiziqhenya ngalolu suku. [50]
- 1.2 Imfashini. [50]
- 1.3 Ngazisiza ngokulalela abazali bami. [50]
- 1.4 Ubuhle nobubi bokufundisa ingane yesikole ukushayela imoto. [50]
- 1.5 Onogada bagcina izikole ziphephile. Uyavumelana yini nalesi sihloko? [50]
- 1.6 Bukisisa lezi zithombe ezilandelayo bese ukhetha ESISODWA ubhale ngaso indaba. Nika indaba yakho isihloko.

1.6.1



[Sicashunwe ku-www.google.com]

[50]

1.6.2



[Sicashunwe ku-www.googlepics.com]

[50]

1.6.3



[Sicashunwe ku-www.googlepics.com]

[50]

ISIQEPHU B: IMIBHALO EMIDE EDLULISA IMIYALEZO

UMBUZO 2

Khetha isihloko ESISODWA kwezilandelayo ubhale ngaso kube ngamagama angama-80 kuya kwayi-100.

2.1 INCWADI YOBUNGANI

Umkhulu wakho ukubhalele incwadi wacela ukuba uzohlala naye uma usuphase ibanga le-12 ngoba usehlala yedwa. Ngebhadi/Ngeshwa ngeke ukwazi ukuphumelela ukukwenza lokho.

Bhala incwadi uchazele umkhulu izizathu ezenza ungakwazi ukuzohlala naye. [30]

2.2 INCWADI YOKUZICHAZA (CV) KANYE NENCWADI EYISIPHELEKEZELO

U-Ayanda Ndlovu ungowesifazane oneminyaka engama-20. Waphasa ibanga le-12 eSiyaya High School. Uyisakhamuzi saseNingizimu Afrika esinomazisi osemthethweni, izincwadi zokushayela ukhodi-08, ukhuluma IsiZulu, IsiBhunu nesiNgesi futhi akashadile kodwa inkinga akawutholi umsebenzi awufunayo wokuba umabhalane. Uhlala kwa-32 GJ Phethu Street, Benoni, 2891. Manje ubone isikhangisi salo msebenzi ephephandabeni iMvuselelo esifakwe inkampani iKhuthaza Investments.

Bhala incwadi yokuzichaza (CV) kanye nencwadi eyisiphelekezele usebenzise imininingwane ka-Ayanda. [30]

2.3 INDATSHANA YEPHEPHANDABA

Esikhathini samanje abantu abaningi bathenga izimpahla besebenzisa ubuchwepheshe bamanje (online).

Bhala indatshana yephephandaba ngesihloko esithi:

Izinkinga zokuthenga izimpahla usebenzisa ubuchwepheshe. [30]

2.4 INKULUMO-MPENDULWANO

Uthisha owayekufundisa ibanga le-8 ufike ezothenga ifenisha esitolo. Ube nokumangala ethola ukuthi nguwe umnikazi wesitolo.

Bhala inkulumo-mpendulwano ephakathi kwakho nothisha wakho. [30]

ISIQEPHU C: IMIBHALO EMIFISHANE EDLULISA IMIYALEZO

UMBUZO 3

Khetha isihloko ESISODWA ubhale ngaso kube ngamagama angama-60 kuya kwangama-80.

3.1 IPHOSTA

Isihlobo sakho sivule indawo lapho kusizwa khona abafundi bebanga le-12 ngezifundo ezengeziwe (extra lessons). Ucelwe ukuba wenze iphosta ezokwazisa umphakathi nabafundi ngale ndawo.

Bhala iphosta ezoheha abafundi.

[20]

3.2 IPHOSIKHADI


Emsebenzini ukhethwe ukuba uyomela abasebenzi emhlanganweni ozothatha amasonto ama-2 endaweni yase-Drakensburg.

Bhalela umphathi wenkampani iphosikhadi umazise ukuthi nihleli kanjani kule ndawo.

[20]

3.3 IMIYALELO: IRESIPHI

Buka lezi zithombe ezilandelayo bese uzisebenzisa ukubhala iresiphi yokubhaka ikhekhe elikhulu. Bhala iresiphi yokwenza ikhekhe.



[Umbhalo wokuziqambela]

[20]

AMAMAKI ESIQEPHU C:
AMAMAKI ESEWONKE:

20
100